Ukukhokhelwa kwalabo abasebenza ngokuhlanganyela

Ukuze abalimi abamnyama abasebenza ngookuhlanganyela bahlomule, sizoba nendlela ehlukile ukubhekana nabo.

Abalimi ababandakanyekayo kuloluxhaso bothola ukusizwa ngokuxhaswa futhi nangezindleko zokuthutha umoba babonelelwe nangentela abayikhokhela ingunyazana yabalimi.

Uxhaso luka SASA ngezindleko zokuthutha umoba nangentela abayikhokhela ingunyazana yabalimi

USASA usekubonile ukuthi ukuthutha umoba uyiswa emshinini kungenye yezindleko ezinkulu ezibhekene nabalimi abasafufusa. Phezu kwalokho labalimi bazithola bebhekene nezindleko zokukhokhela ubulungu kumfelandawonye wabalimi bomoba.

Ukuze bathi ukuphefumula kancane, uSASA useqoke ukuthi afake isandla axhase labalimi abasafufusa abaletha umoba ongaphansi kwamathani ayinkulungwane namakhulu ayisishiyagalombili nangentela abayikhokhela ubulungu bomfelandawonye.

USASA uzokhokha loluxhaso ngawo wonke umoba ohanjisiwe kuze kufike kuNcwaba (August) bese futhi exhase abalimi ngazo zonke izinyanga ngomoba olethwe emshinini kusukela kuMfumfu (October) kulonyaka kuze kushaye uMasingana kulonyaka ozayo.

Uma abalimi bezithola beqhubekela ezingeni eliphezudlwana ngenxa yokuletha umoba omningana emshinini, bayothola uxhaso lwesigaba sesibili bese bebuyisa uxhaso abebelutholile esigabeni sokuqala. Imali le yodonswa inkampani yomshini uma sekhukhokhelwa umoba ngoMasingana. Ngamanye amazwi, umlimi wothola uxhaso ngemigomo nemigudu yesigaba nesigaba sesibili.

Lelipheshana elokusabalalisa ulwazi. Alinayo yonke imidanti yoxhaso futhi lokhu kungashintshwa iSASA noma inini.

Uma udinga ulwazi olunye, xhumana:

South African Sugar Association
KwaShukela,
170 Flanders Drive, Mount Edgecombe, 4300
PO Box 700, Mount Edgecombe, 4300
Tel: 031 508 7000 Fax: 031 508 7199

SASA
SOUTH AFRICAN SUGAR ASSOCIATION

Siyakubingelela **mlimi womoba**

Njengoba sizibophelele ekutheni kube nezinguquko kwimboni yomoba, thina bakwaSASA sesithathe izinqumo zokuxhasa nokusekela abalimi abamnyama bomoba ngezindlela eziyisishagalombili.

Siyazi ukuthi kunezingqinamba ezifana nokwenyuka kakhulu kwezindleko zokukhiqiza nokungatholakali ngokwenele kwemali yokuqhuba umsebenzi.

U-SASA usubeke eceleni imali elinganiselwa ezigidini eziyikhulu namashumi ayisikhombisa nambili (R172-million) yokuhlomulisa bonke abalimi babantu abamnyama (abomnsinsi wokuzimilela kwaMthaniya, amaNdiya, namakhaladi) abakwazile ukuthi bahambise umoba uyogaywa ngonyaka ka2018/2019. Lokhu kwenzelwa ukuthi bakwazi ukubhekana nalesimo esinzima, nokuxhasa ukwakhiwa kwamakhono nokusekela imisebenzi yabantu abansundu ababambe iqhaza abafana njengentsha nabantu besifazane.

Lelipheshanyana lishicilelwe ukuthi lichaze kabanzi ngezinguquko – kakhulukazi ezine zalezi eziyisishiyagalombili esizibalile ngaphezulu nokuthi lichaze ukuthi ungahlomula kanjani njengomlimi.

Ileyo naleyo ndlela izonakisiswa uSASA ukuze kuqinisekiswe ukuthi bonke abalimi abahlomulayo bathola izimfanelo zabo njengoba zinjalo ngokuhambisana nemithetho nangokuthi kungabibikho abozithola beshiywa ngaphandle.

Nakhu okufanele ukwazi:

- Bonke abantu abazohlomula abantu abamnyama (abomnsinsi wokuzimilela, amaNdiya namakhaladi) abatshala umoba
- Ukuze uhlomule, kufanele uhambise umoba ukuthi uyogaywa kulonyaka esiphezu kwawo kungakashayi umhlaka 5 kuMasingana ka2019
- Uxhaso lolu olwangonyaka esiphezu kwawo – 2018/2019
- Uma uthole usizo ngoxhaso lwokuqala, ngeke uluthole ngoxhaso lwesibili
- Ubungako bomxhaso kobalwa ngokuthi umuntu loyo ulethe umoba osinda kangakanani kumataniswe nenamba yomtshali ngamunye (phecelezi ngeplazi neplazi)

Uma umlimi etshale endaweni yomphakathi, komele atshengise incwadi emgunyazayo ephuma kulabo abaphethe ngokwesintu

- Uma kushaya umhlaka 5 kuMasingana kusasekhona umoba osagciniwe, ngeke lowomkhiqizo ubalwe ukuhlanganisa inani loxhaso. Thintana nabomshini wokugaya ngokushesha ukuze basize uma kukhona umkhiqizo obekwe eceleni
- Izimali zoxhaso zokugcina ziyophuma ngoMasingana ka 2019
- Izimali zomxhaso zophuma njengenjwayelo ngabomshini uma singekho isizathu sokuthi ikhokhwe ngendlela ehlukile
- Asikho isidingo sokuthi abalimi babhalisele ukuxhaswa. uSASA uzohlanganisa amanani esebenzisa izibalo zomoba olethiwe kulonyaka esiphezu kwawo kodwa nje kungakashayi umhlaka 5 kuMasingana ngonyaka ozayo (2019)

Izindlela ezine zoxhaso zichazwa kabanzi ngokulandelayo:

Umxhaso wokuqala - Imali yokuxhasa abalimi bomoba abamnyama abasafususa

USASA uzimisele futhi ukuxhasa labo abangafanelekile babizwe ngabalimi abasafufusa noma nabo bengabalimi abamnyama. Kulesigaba, kuyohlomula bonke abalimi abamnyama abathumela umoba emshinini ongaphezulu kwamathani ayinkulungwane namakhulu ayisishiyagalombili ngaphambi kmhlaka 5 kuMasingana kulonyaka ozayo.

Kulesisigaba sibala nabalimi abasebenza ngokuhlanganyela ngendlela echazwa i-Mill Group Board yabo noma umfelandawonye abangahlamuli kumxhaso wokuqala.

Nakulesigaba, abalimi ababandekanyawo kulesigaba, bothola ukuxhaswa ngezindleko zokuthutha umoba babonelelwe nangentela abayikhokhela ingunyazana yabalimi. Okusemqoka ukuthi uxhaso lolu ngeke ludlule kwisikalo samathani ayinkulungwane namakhulu ayisishiyagalombili ngoleyo naleyo namba enikezwa umlimi (grower code).

Loluxhaso lob abili: isilinganiso naye nenkokhelo yokugcina.

Ukukhokhelwa kwalabo abangasebenzi ngokuhlanganisela
Abalimi abafanelekile bayokukhokhelwa isamba esingange zinkulungwane ezingamakhulu ayisishiyagalombili. Lemali yoqhamuka kwinkampani egaya umoba kuphela nje uma umlimi engashongo ukuthi iyiphi enye indlela